# UkuKhanya okuKhanya kaKhulu

Indikimba yami kulokhu ukusa itholakala eTestamenteni eLisha. Kuqala kuzoba nokufundwa komBhalo kuMathewu 1. . . isahluko 2, siqale ngevesi 1. Bese kuthi futhi ngifisa ukuthatha, njengendikimba, esahlukweni 4, namavesi 14 nele 15. Ngiyakuthanda ukufunda iZwi, ngoba iZwi linguNkulunkulu.

> *UJesu esezelwe eBetlehema laseJudiya emihleni kaHerodi inkosi, bheka, kwafika izazi eJerusalema zivela empumalanga,*
>
> *Zithi, Uphi lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? ngokuba sibonile inkanyezi yakhe kwelasempumalanga, size ukukhuleka kuye.*

2 Bese kuthi-ke esahlukweni 4 nevesi 14, kukhuluma kuqondene nomprofethi.

> *Ukuba kugcwaliseke okwakhulunywa ngoIsaya umprofethi, ukuthi,*
>
> *Izwe lakwaZabuloni nezwe lakwaNafetali, ngaselwandle, ngaphesheya kweJordani, iGalile labeZizwe;*
>
> *Abantu aba be hlezi ebumnyameni babonile ukukhanya okukhulu; nakwababehlezi* emazweni emathunzini *lokufa kuphumele kubo ukukhanya.*

3 Ngifisa ukuthatha indikimba yami e. . . njengalokhu: *UkuKhanya okuKhanya kaKhulu.* NgumBhalo ongejwayelekile nhlobo.

4 Futhi, okwalesisikhathi, abantu ngokwejwayelekile ushumayele kakhulu ngokuthi "ayikho indawo endlini yezihambi," ngesikhathi sikakhisimuzi, nokuthi "uJosefa noMariya," nokuthi—nokuthi "ukuzalwa kweNkosi uJesu." Izolo bengicabanga ukuthi bengizozama ukuvelela kukho ngendlela ehlukile, abaningi benu enizwa umsakazo wenu namatelevishini.

5 Futhi ngisacabanga, lokhu kufika engqondweni yami, mayelana nezazi ezingomegi nenkanyezi. Futhi okwangimangaza kwakungukuthi, ukuthi, isazi esingumegi sihlanganaphi noKristu na? Ngakho-ke, ngokufunda okuningi kwezifundiswa ezinkulu zasendulo, izolo ebusuku, isikhathi sesihambile, ngaze ngayolala edeskini, ngizama ukuthola okuthize obekuzoletha ukukhanya okuncane endabeni yanamhlanje.

6 Manje-ke, kuyinto engejwayelekile ukukhuluma ngalezizinto, ngoba, empeleni, uNkulunkulu ungongajwayelekile. UNkulunkulu wenza izinto ngendlela engejwayelekile, futhi ngesinye isikhathi kube ngesikhathi esingejwayelekile, ngoba Akejwayelekile impela. Nalabo abaMkhonzayo abejwayelekile; bangabantu abayinqaba.

7 Kanjalo njengathi, ngalesisikhathi senkathi yonyaka, njengoba siphosa amehlo ekucabangeni kwethu ngakuKhisimuzi, kubi kakhulu ukuthi size sikunqwabele ensumansumaneni ethiwa "uSanta Claus," esikhundleni sikaKhisimuzi wangempela okufanele kube yiwo. Abantwana abancane abaningi ezweni namhlanje abazi lutho ngaphezu kokuthi uKhisimuzi usho "isihlibhi esigcwele amathoyizi, nezinye izinyamazane amareyindiye ampondo-zimbaxambaxa ebhadazela endlini," ukufunda kuphela kamuva ngalensumansumane; ngisho nokulimaza ukukholwa kwabo, uma sekuza ekwazini indaba eyiqiniso kaKhisimuzi, ukuthi kwakungahlangene ngalutho nezinyamazane amareyindiye, noma indoda ebhema inqawe, noboya obuntofontofo macala onke ejazi.

8 Kwakungukuzalwa kweNkosi yethu uJesu obusisiweyo. Futhi kungokungejwayelekile kakhulu ukubona ukuthi uNkulunkulu usebenze kanjani ngalendlela, ngoba asikho esinye isikhathi esasiyoke size sisebenze, kuwo wonke umlando wezwe. Kwakufanele ncamashi kube ngalesisikhathi nje. Futhi manje okwemizuzwana embalwa ake sibuke nje enkathini yonyaka.

9 Kwakungesikhathi ngenkathi uHerodi, umbulali, wayeyinkosi. Kwakufanele kubenjalo, lendoda engenanhliziyo yayifanele ibe yinkosi ngesikhathi, ngokuba siwejwayele umBhalo owathi wa "bulala bonke abantwana kusukela eminyakeni emibili ubudala kwehle," ezama ukuthola uKristu. Futhi kwakufanele nje kube ngalesosikhathi.

10 Kwase kuthi-ke kwakufanele kubenjalo, ngesikhathi, ukuthi kwakufanele kuvuke ukutheliswa, ukubangela uMariya noJosefa ukuba babuyele edolobheni lasekhaya kubo laseBetlehema lapho ababebhaliswe khona, futhi ukuzalwa kwabo kwakusezincwadini zezinkantolo zase, ukuba batheliswe. Futhi uKristu wayezozalelwa eBetlehema, futhi babesemamayeleni amaningi ukuqhela ngenkathi lokhu kwenzeka.

11 Futhi siqaphelisiwe ezinhluphekweni ababedingeka bedlule kuzo, ukuze bafike lapho. Manje babengenayo enkulu, iambulense enesikhumba esihle sevukuzi ukwenyusela uMariya lapho. Futhi babengenayo njenganamhlanje, ebesingaba nohlobo oluthile lwezaba. Kwakuyisiyalezelo senkosi. Akukho-zaba ezenziwayo. Kufanele kugcwaliseke. "Inkosi isho njalo!" Akunandaba nezimo zakhe, noma yini, bafanele babuyele

ezweni lakubo lendabuko. Akukho-ntokomalo kumama omncane ozobeletha. Futhi ayikho indlela yokuhamba; kuphela ngezinyawo, noma emhlane wembongolo encane.

12 Futhi siyatshelwa ukuthi uJosefa uthathe uMariya, lomama owayezobeletha noma ngasiphi isikhathi, futhi emhlalise emhlane wembongolo encane. Futhi uma noma ubani owake wagibela imbongolo, uyazi ukuthi lokho kungukugibela okukhahlazana kanjani. Umfo omncane, emzileni omncane ogwinciza wenyukele phezu kwezintaba, eza eBetlehema, eJudiya eliphansi, umgwaqo okhahlazana kakhulu futhi omigoxigoxi. Ukuba-ke imbongolo encane yayikade ingenalo unyawo oluthembekayo, futhi ukuba yayiwe nalomama omncane okhulelwe na?

13 Noma, ezinsukwini ngenkathi kukhona okuningi kakhulu ukuhamba beyongena emazweni akubo endabuko, lonke izwe lalisebenza, liphila nezihambi nabahambi, bebuyela ezweni lendabuko, kuhlele kahle kakhulu kubaphangi ngalezozinsuku. Ngenkathi bebone udwendwe oluncane lwabantu abancane; abagibeli, abaphangi babeyogibela bangene ngqo futhi bababulale, bese bethatha izimpahla zabo futhi babaleke. Kwakuyinto enjani pho kulababashadikazi abasebancane, ababefanele babhekane nayo, nokuthi kwakuyobanjani!

14 Futhi, ukuba-ke ezinye izilwane zasendle, okwabe kukhona amabhubesi neziningi ezibhubhisayo, izilwane zasendle ezazizulazula ezingwadule ababezonqamula kuzo. Ukuba-ke isilwane sasendle sasisuke sabheka ngaseqenjini elincane, wayengenzani uJosefa nenduku esandleni sakhe, nonkosikazi okwakul’khuni ukuba anyakaze na? Babenalokho ababebhekene nakho.

15 Kodwa kusinika induduzo ukwazi lokhu, ukuthi asisiphethe isiphethelo sethu. UNkulunkulu uphethe isiphethelo sethu. Futhi uma Ekumisele ukuthi kube kanjalo, futhi akukho lutho oluyoke luphazamise uhlelo lukaNkulunkulu. Sibophezelekile ukuba sifike.

16 Futhi kwakufanele kungabibikho ukwesaba. Kepha nokho mhlawumbe uMariya noJosefa, bona uqobo, abantu abajwayelekile nje, abangafundile. Futhi babengenayo indlela yokwenza lezizinto, ezazenzeka ngaso leso sikhathi, kwakugcwalisa imiBhalo.

17 Futhi kuyafana nanamhlanje. Izinto ziyenzeka kulo lolusuku esiphila kulo, nabaningi bethu abazi lutho ngakho, ukuthi uNkulunkulu uhamba kanjani.

18 Ngacelwa nje ngelinye lamanenekazi aqophayo ekamelweni lapha, ngenkathi ngangizokhuluma ngaleyondaba, yesandla esilobayo, nesiputniki emoyeni. “Ngabe kuzoba ngeSonto elizayo na?”

Ngathi, “Angazi.”

19 Kodwa, o, ukubona kulesisikhathi esimnyama esivalela ngaphandle kuhle kwemvelophi, isandla sikaNkulunkulu esikhulu sihamba siqhubeka kancane. Akukho okuyoSimisa.

20 Futhi singabona njengoba kwakunjalo, namhlanje, njengoba imbongolo encane nabahambi ababili ekugcineni bayafika. Lapho beze ebusuku, ezingwadule, kwakushisa kakhulu! Manje-ke ake sithi bahlezi nje entabeni encane empumalanga yaseBetlehema.

21 IBetlehema lihlezi esigodini, futhi kukhona intaba encane. Nomgwaqo ongena eBetlehema, ugwinciza empumalanga yaseBetlehema, bese wehla uyongena edolobheni. Eduze kwekhona, lapho owenza khona ukugwinciza kwakho kokugcina, ukuba uqale ukwehla ngegquma, kukhona indunduma enkulu yamadwala aphume acija abekwe lapho. Futhi kucatshangwe ngosomlando ukuthi mhlampe uMariya noJosefa bama lapho ukuba kebathi ukuphefumula kancane ngaphambi kokuba behlele edolobheni ngalobobusuku.

22 Ake sibone uJosefa, ekuphatheni kahle kwakhe, uqukula umlobokazi wakhe omncane embongolweni futhi umsiza ukuba ehlele phansi, umyisa ngale futhi umhlalisa phansi phezu kwedwala, wayesethi, "S'thandwa, kukhona idolobha elincane nje, ngezansi kwethu nje, lapho mhlampe isifiki sethu esisha esincane sizozalelwa khona."

23 Sengathi ngiyabona izinkanyezi nje zibenyezela kancane futhi zikhanyisa kakhulu, lapho behlezi bebuka phezu kweBetlehema, kweyabo . . . kwempumalanga ngakubo. Futhi lapho behlezi lapho, bemangala lapho begqolozela izinkanyezi; kude, amakhulu amamayela empumalanga yalapho, kwakukhona esinye isenzeko esasigqama.

24 Niyazi, uNkulunkulu usebenza emhlabeni nezulu laKhe. Wenza izinto zenzeke ezweni elilodwa, lapho Enza khona kubumbeke, ukuhlangabezana nakho kwelinye. Lapho siyabona, le empumalanga, siyatshelwa ngosomlando abaningi, ukuthi lababafo, izazi omegi, njengoba sibazi ukuthi banjalo.

25 Namhlanje bebeyo, cishe impela, bizwa ngokuthi, "osonkanyezi," hhayi ngomqondo wababhuli; kodwa kukhona usonkanyezi-mbumbulu, obizwa ngababhuli. Nabantu bagijimela kulezozinto, empeleni okungumqondo-mbumbulu kasonkanyezi wangempela.

26 UHampton wasitshela, usomlando omkhulu, ukuthi kwakuyi . . . BabengamaMede-o-Peresiya, labosonkanyezi. Ake silandele impilo yabo kancanyana. Futhi sithola ukuthi amaMede-o-Peresiya bathola ukwazana neVangeli leNkosi yethu ngenkathi besezansi eBabiloni. Iminyaka ngaphambili, ngesikhathi seNkosi uNebukadinezari, babenabantu abanjalo njengosonkanyezi, ababebhekisisa izinkanyezi nezinto zasezulwini. Futhi babekwazi ukusho

ngezibonakaliso nokunyakaza kwezinkanyezi, ngezehlakalo ezithize okwakuzokwenzeka.

27 Namakhosi asezinsukwini zasekuqaleni ayebuza kulawa indoda ukwazi ngezehlakalo nangezinto ezazizokwenzeka. UNkulunkulu njalo ukumemezela ngezinto zasezulwini ngaphambi kokuba Akwenze kwaziwe emhlabeni. UNkulunkulu ukubhala emazulwini.

28 Nenkanyezi esiyibukayo, futhi sicabanga ngazo njengamaqenjana anamakhona amahlanu emazulwini, kodwa, eziyikho, zingamazwe abanzi kakhulu kunaleli, abonisa ukukhanya kwelanga.

29 Nalababantu ngempela bathola ukwazana neVangeli ngeminyaka yokuthunjwa kukaIsrayeli, eminyakeni engamashumi ayisikhombisa ezweni lamaKaledi, futhi, ngempela, uDanyeli enziwe waba yinduna yesazi umegi. Umprofethi, ngokuhlakanipha kwakhe okukhulu ukwazi ukuphela kwezinto, nokwazi ukuthi uNkulunkulu wayezokwenzani, futhi wayebizwa ngenduna yesazi umegi. Nesazi umegi wayenezincwadi ezindala ezingakagaywa ezazithela kuzo, zoyise basendulo. UDanyeli ungenisa imibhalo yeNkosi.

30 Futhi ngakho siyaqonda ukuthi phakathi kwalesisikhathi babebonisane kakhulu ndawonye, futhi babekubonile ukuhlakanipha namandla uNkulunkulu oyedwa weqiniso ayewavezile, lokho kwakukude ngaphambili kakhulu kwanoma yimuphi usonkanyezi noma isazi umegi. Kwafakazeka ngobusuku beNkosi uNebukadinezari . . . noma ukusina kukaBelteshezari, lokho, akukho namunye wamaKaledi noma osonkanyezi owayengafunda umbhalo osobondeni. Kodwa uDanyeli, ngoMoya namandla kaNkulunkulu ophilayo, wakwazi ukukwenza. Nemibhalo yakhe yayigcinwe ingcwele, futhi isenjalo namuhla.

31 Manje sibabiza, empumalanga . . . Ngike ngaba nethuba lokukhuluma nabo eNdiya. Futhi manje sebebizwa ngoMohamede. Kodwa eqinisweni babe ngamaMede-o-Peresiya. AmaNdiya abizwa nga . . . Ngikholwa ukuthi bawabiza awahlanzekile. Futhi amaMede-o-Peresiya eqinisweni anguMohamede. Futhi yiwo ekuqaleni ayeneNkosi uNebukadinezari. Nezazi zabo ezinkulu zaziyizifundiswa ezinkulu ezazifundisisa i—izinto zemvelo, ukumemezela izinto zikamoya eyayizokwenzeka.

32 Ngakho kulena emide iminyaka engamakhulu, nencwadi engakagaywa yezifundiso zikaDanyeli, kanjalonjalo, babezigcinile.

33 Nalokho ababezokwenza, ezikhathini zangasekuqaleni zakusihlwa, babenyukela eziNtabeni zase Assay. Khona ngasenhla lapha babenenqaba. Futhi kulenqaba kwakuyinqaba

yomegi. Futhi babeba nedili labo lefujadous [?]. Futhi emva kwedili babephuma babephezu kwemipheme ephezulu, noma phezu kwendawo elungisiwe ephezu kodonga, futhi lapho komunye umbhoshongo wokuhlolela emva kokuba ilanga selishonile. Futhi njengoba abakaMohamede ngokwejwayelekile benza, bakhothamele ilanga bese bempompoloza, "Allah! Allah!" Futhi izikhathi eziningi bazibusise bona uqobo ngamanzi angcwele, kanjalonjalo, ngisho kuze kube yilolusuku. Ikakhulu impela, ngento yabo engcwele, kwakungumlilo. Babekholwa wukuthi loNkulunkulu oyedwa weqiniso wayehlala emlilweni.

34 Futhi kuxaka kanjani ukwazi ukuthi uNkulunkulu ophilayo oyedwa noweqiniso uhlala ekuKhanyeni, futhi UnguMlilo oqothulayo.

35 Ukuthi babeyishisa kanjani imililo engcwele! Futhi babewubhekisisa lomlilo, ngoba babekholwa wukuthi uNkulunkulu oyedwa weqiniso wayehlala kulomlilo, futhi Wayezibonisa Yena kubo. Nomlilo wawushisa ngokukhanya okwedlula konke ngenkathi u—ukukhanya kwelanga sekuyoshona.

36 Futhi ngakho babephuma baye kulombhoshongo wokuhlolela, futhi babebheka phezulu. Futhi babeqeqeshwe kahle kakhulu. Futhi babekwazi konke ukunyakaza komzimba omkhulu wasezulwini wezinkanyezi. Babebhekisisa ngokukhuthala noma yikuphi ukunyakaza.

37 O, uma amaKristu abengenza lokho kuphela! Hhayi ukubhekisisa izinkanyezi, kodwa ukubhekisisa iZwi likaNkulunkulu lapho Lisombulula. Ukuba kuphela besingakuqaphela namuhla, futhi sibone ukuthi uNkulunkulu uzethembise kanjani kulolusuku izinto esizimele ngesibindi. UNkulunkulu uthembise ukwenza lezizinto, njengokuphilisa abagulayo nokwenza izimangaliso ezinkulu.

38 UDanyeli ofanayo owabafundisa ngezehlakalo, washo, ukuthi, "Ngezinsuku zokugcina abantu ababemazi uNkulunkulu wabo bayakuphikelela." LeyomiBhalo ifanele igcwaliseke. Ukuba kuphela besingafunisisa! Futhi uma nizoqaphela, uNkulunkulu kuphela Uzembula kulabo abafunisisayo futhi balangazelele ukuMbona. "Sondelani kiMi, naMi ngiyakusondela kini," isho iNkosi. Futhi ngezinye izikhathi uNkulunkulu uvumela izinto zenzeke ukuze sisondele kuYe. Ngokuba uNkulunkulu ukumise ngempela ukuthi izehlakalo ezithize zifanele zenzeke, futhi ziyosombululeka lapho nje iwashi laKhe elikhulu lesikhathi lishaya kukho.

39 Futhi phezu, sizothi, ubusuku obuthize, emva kokuba idili lase liphelile, futhi base belikhothamele ilanga elase liyoshona, iqembu lethu lenyukela kulombhoshongo wokuhlolela. Futhi lapho imizimba yasezulwini iqala ukubonakala

esibhakabhakeni, izincwadi ezazingakagaywa ezindala zasendulo, zezazi, yakhishwa. Futhi yasombululwa, base beyibheka, base bethi, o, izinto ezithize yabikezelwa. Nendaba, mhlampe, yaqhubeka isikhathi eside, ngokuwa okukhulu kwemibuso, nokubhidlika kwemibuso yabo emikhulu, nokuthi zazinjani izimo zemiphakathi yabantu, nezimpi, ezazidabule umhlaba futhi zabhukuda kukho ngamagazi abangane babo abangokhomredi. Nanjengamadoda angawomoya aqonda kuphela izinto zikamoya; ukuthi kukanjani ukusombululwa kwezinsuku ezinkulu esezadlula, nehlazo lawo, lapho umlilo ongcwele ilangabi lawo likhotha phezulu emoyeni bese lishabalala, ukumela uNkulunkulu ophilayo oyedwa noqinisileyo.

40 Futhi lapho ubusuku bukhula buyofinyelela phakathi nendawo yabo, asithi, ngeleshumi nqo noma eleshumi nanye, lapho isixuku sihlezi lapho, mhlampe sicula amahubo aso, noma mhlawumbe sasikhuleka. Asazi nje thina ukuthi babenzani, nosomlando abakwenzi kucace. Kodwa, nokho, kufanele ukuthi babesesimweni sikamoya, ngokuba uNkulunkulu ukhonza lapho okukhona khona ubunye nomoya.

41 UNkulunkulu uzoza kithi kulokhu ukusa. Uzosindisa impilo yalentombazane encane ethandekayo, nabaningi benu lapha mhlampe ababulawa wumdlavuza nangezinye izifo, uma kuphela singangena ebunyeni bukamoya neZwi laKhe kanye naYe. UNkulunkulu Uzozembula. Ukwenza njalo lokho.

42 Endleleni ebheke e-Emawuse, emva kokuvuka, kwaba yilapho kuphela ngenkathi uTheyofilu nomngane wakhe beqala ukukhuluma naYe, nemiBhalo wacashunwa, noNkulunkulu ekuKristu Wazembula kubo. Kwase kuthi-ke endleleni sebebuyela emuva, bathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho sikhuluma naYe endleleni na?" Kuyinto ethize ukukhuluma ngeZwi!

43 Nasezincwadini zabo ezindala ezazingakagaywa, lapho befunda ngomegi abehlukene abase bashona. Futhi angikwazi ukulibiza kahle iBhayibheli labo ngalesisikhathi, noma babelibiza ngeZedakoah [?], into ethi ayibe njalo, ababelifunda futhi bethathisela kulo emuva kulemibhalo yamadoda abo angcwele. Nokuthi abaningi bawo babengabakhonza izithombe kanjani, futhi baletha amahloni nehlazo kubantu, akungabazeki ukuthi labomegi bakhothamisa amakhanda abo ngamahloni. Kodwa, nokho, manje-ke imililo engcwele iyavutha, yayimele uNkulunkulu weqiniso.

44 Manje-ke sengiyabona kuvela enqabeni, oyedwa nencwadi egoqwayo isesandleni sakhe. Futhi uyethula ezazini lapho zihlezi phezu kombhoshongo wokuhlolela, zibhekisisa izinkanyezi, nakho konke kuhamba ngokuphelele ngokuzwana,

njengoba kwakwenza ubusuku nobusuku, njengoba nje uNkulunkulu akumisa.

45 Futhi phakathi lapha, besakhuluma ngemibuso iwa, bafunda indawana kaDanyeli, eyayithi, "Ngabheka itshe laze laqheshulwa entabeni, kungengazandla, lase lishaya imibuso yomhlaba iba nje—njengemakhoba esibuyeni. Nalelitshe elikhulu lakhula laba yintaba eyasibekela wonke umhlaba. Nombuso waKhe uyakuba ngumbuso wangunaphakade." Amathemba abo-ke okhelwa esikhathini ukuthi lapho imibuso iyokhawuka ukuwa, futhi lapho imibuso ikhawuka ukuba ibe ngamanxiwa, ngokuba kwakuza umbuso ongunaphakade okhonjwe nguNkulunkulu ophilayo oyedwa weqiniso.

46 Futhi lapho besacabanga ngalezizinto, ngemiBhalo, kufanele ukuthi omunye wabheka phezulu. Futhi kwakukhona isihambi phakathi kwabo. Babona ukuKhanya ababengakaze bakubone ngaphambili. KwakuyiNkanyezi yobukhosi eyayingazange, kuze kube yilesisikhathi, ibe ngeye, engafikanga ekutheni ibonwe amehlo kamegi. Kodwa nanso yayilapho. Ngani na? ImiBhalo imele igcwaliseke.

47 Wena uthi, manje-ke, "Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi uNkulunkulu wayengasebenzana nalabomegi na?"

48 IBhayibheli lasho, kumaHeberu isahluko 1 nevesi 1, ukuthi, "UNkulunkulu, endulo, ngezindlela eziningi," zonke izinhlobo zezindlela, "Wakhuluma kobaba."

49 Kulotshiwe futhi eZenzweni 10:35, ukuthi, "UNkulunkulu akabheki ubuso bamuntu, kodwa Uhlonipha labo, ezizweni zonke, abafisa ukuMkhonza ngokulunga." Nakuba usesiphosisweni, nokho, ekulungeni e—ekusongozeni kwenhliziyo yakho ukuthi uyafisa ukukhonza uNkulunkulu, uNkulunkulu uyokuhlonipha lokho. Ngakho, ngakho-ke, amahlelo awanabo olayini angababeka, abayoyekisa uNkulunkulu kunoma yisiphi isivumo sokholo esithize, ngoba uNkulunkulu uyobuka phezu kwezinjongo zenhliziyo yomuntu, futhi lapho Uyosebenza esukela kuleyondawana.

50 Futhi sithola ukuthi labomegi, beqotho enhliziyweni yabo futhi befisa ukubona lowoNkulunkulu oyedwa weqiniso, futhi bebheke isiprofetho saKhe ukuba sigcwaliseke, esasishilo ukuthi, "INkosi iyakuMvusa futhi yenze i. . . Umbuso waKhe awuyikuba nakuphela. Kuyakuba ngumbuso ongunaphakade."

51 Kwakungalesosikhathi iNkanyezi, esiyaziyo namhlanje njengoba ibizwa ngeNkanyezi, yabonakala esibhakabhakeni. Sengathi ngiyabona ukuthi labomegi, bekuzwana kunye, bama beshaqekile lapho bebuka lesosimanga seNkanyezi eyayishaye indiva imithetho yesimo sokuhamba kwelanga kanye nezinkanyezi, futhi yayivele emithaleni emikhulu yezinto zasemkhathini wezulu ukumemezela into ethize lapho yayilungiselela ukwenzeka.

52 Ngiyethemba kulesisikhathi ningayifunda ivaliwe futhi nazi ukuthi sichaza ukuthini, ukuthi kulolusuku, uNkulunkulu ushaye indiva yonk'into, ukuba Azimemezele yena, ukuthi Uyaphila namhlanje, uvukile kwabafileyo, eMzimbeni wakhe omkhulu wasezulwini. Isithombe lapha sokuba nguMuntu kwaKhe siyoshaya indiva yawo wonke umphikinkolo ezweni. Uphila kuze kube phakade. UNkulunkulu wenza izinto ngendlela yaKhe uQobo, ngokungejwayelekile.

53 Kodwa, babekade bebhekisise izinkanyiso zasezulwini, kodwa lokhu ukuKhanya kwakubonakala kwehlukile kuzo zonke ezinye zazo.

54 Futhi sibhekisise, namhlanje, izinkanyiso ebandleni. Sibhekisise iMethodisti, iBaptisti, iPentecostal, iPresbyterian, izinkanyiso.

55 Kodwa kulabo abaMfunayo, kubonakala kungukuKhanya okwehlukile osekuqale ukukhanya, okuMmemezelayo. "Unguye izolo, namuhla, naphakade." Ebuhleni baKhe obuhle hle namandla, woMzimba wasezulwini othunyelwe esimweni sikaMoya oNgcwele, kulolu izinsuku zokugcina eBandleni, ukumemezela ukuvuka kwaKhe namandla, futhi ingunaphakade UngukuKhanya okuPhakade okukhona manje phakathi kwamakholwa aKhe. O, kumangalisa kanjani ukubona lokho Akwenzayo!

56 Futhi lapho lapho bema, beshaqekile, omunye akakhulumanga komunye, ngenxa yenkazimulo yalokhu ukuKhanya okwakubashaqisile.

57 O, kukanjani namhlanje, mngane wami ogugile ozihluphekelayo, ukuthi uma indoda engakaze iwazi aMandla aKhe, ukunikeza ukuKhanya okusha nokunikeza ithemba elisha, uma ihamba iyongena eBukhoneni bokuba nguMuntu bukaKristu kobuNkulunkulu, ngokukholwa okuyibamba ishaqeke ebukhosini baKhe. Akufani nokuhamba uya ealtare nokunika umfundisi isandla sakho sokudla, kanjalo akufani nokungena echibini ukuba ubhaphathizwe, noma umi negobolondo ukuba ufafazwe. Kungukuhamba ungene ekuKhanyeni ongakaze ukubone ngamehlo ngaphambili. Kuyihange lokukholwa kobuNkulunkulu okubiza noma yini ephambene neZwi likaNkulunkulu sengathi kwakungekho. Kubeka ukuPhila okusha. Kunikeza ithemba kofayo. Kunikeza inkuthazo kwababuthakathaka. Kunikeza ukuphiliswa kogulayo. Kunikeza isibusiso kwabangathandeki. Kumnandi kanjani ukuthatha igxathu uyongena eBukhoneni baKhe! Hhayi inganekwane. Kanjalo akusiyo into umuntu othize ngokwenyama nje, emiqondweni yabo, abakudwebile. Kodwa, kuza ngqo eBukhoneni beNkosi yeNkazimulo, ukuKhanya kwaPhakade kukaNkulunkulu ophilayo.

58 Uma kwenzeka into ethize, lokho kubambelelisa okwehange kulelothemba elikuwe, ukuthi akunandaba ukuthi ugula kangakanani, kamuva, akusizi ngalutho nhlobo kuDeveli ukuba azame ukukulinga nganoma yini ephambene. Kugxilise okwehange kuze kube phakade. Akunandaba ukuthi isitha singazama kakhulu kangakanani ukuba sikubangele ukuba uphile impilo engafanele, ugxilise okwehange kuze kube phakade, ngokuba usuthathe igxathu wangena eBukhoneni baKhe, phakathi ekuKhanyeni kobuNkulunkulu obuguqule umuntu wakho ongaphakathi impela kwase kubeka injabulo, insimbi yensindiso, ikhala enhliziyweni yakho, izwe elingazi lutho ngayo, ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Ukufa namathunzi akho kugeleze kusuka kuwe, futhi usuphenduke isidalwa esisha uma uthatha igxathu ungene kulokhu ukuKhanya kobuNkulunkulu.

59 Njengoba kwama labomegi, beshaqekile, lapho bebhekisisa lokho kuKhanya, ekugcineni sengiyamuzwa oyedwa ethi komunye, "O, lolu akusilo yini uphawu oluhlehle ukuthi kukhona into esizokwenzeka nje!"

60 Qiniso, namhlanje, futhi, uma siza singena eBukhoneni beNkosi uJesu, kuwuphawu lobuNkulunkulu ukuthi kukhona into esizokwenzeka; ukuFika kwaKhe kwesibili okukhazimulayo sekuseduze.

61 Futhi ngenkathi bebuka, omunye komunye, futhi emva kwesikhashana. . .BaYibhekisisa, mhlampe, ubusuku bonke. Yayikhazimula kahle kanjani pho! Yayibonakala igqame ukwedlula ezinye izinkanyezi. Yayibonakala sengathi babengakwazi ukususa amehlo abo kuYo, ukuba babheke enye inkanyezi.

62 Futhi ngineqiniso, uma sibona lokho kuKhanya okuPhakade kukhanya ebusweni bethu, ngeke sibuke amahlelo ethu, ukuba sithi, "SiyiBaptisti, noma siyiPresbyterian, noma siyiPentecostal," kumbe noma kungaba yini. Kuphela sibuka ukuKhanya, bese siphila. UngukuKhanya okuPhakade.

63 Futhi lapho beYibhekisisa, lapho ilanga ekugcineni liphuma. . .Balala imini yonke. Ngike ngababhekisisa behlezi emigwaqeni eNdiya, bakhe izithanga, behlanganise amakhanda abo; njengoba ngesikhathi sasemini babelala, bese kuthi ngesikhathi sasebusuku babehamba bayobhekisisa izinkanyezi, bebhekisisa noma yikuphi ukunyakaza.

64 Yilabo kuphela abaMfunayo abayoMbona. Yilabo kuphela abaMkholwayo abayojabulela izibusiso zaKhe. Yilabo kuphela abakholelwa ekuphilisweni abayomukela ukuphiliswa. Yilabo kuphela abakholelwa ensindisweni abayokufumana. Zonke izinto ziyenzeka kwabakholwayo. Kodwa, kuqala, akufanele nje kube ngumqondo wenyama odwetshiweyo. Kufanele kube

yisambulo esiqonde ngqo esivela kuNkulunkulu yedwa, futhi njengoba sibhekisisa.

65 Sithola ukuthi, ubusuku nobusuku, babeYibhekisisa. Babexoxa ngaYo. Babuka imiBhalo, futhi besekufunisiseni. Sengiyambona oyedwa eza, futhi ethi, "Nanku omunye umbhalo wamaHeberu. Uvela komunye wabaprofethi babo, ogama linguBalamu. Wayesethi, 'Kuyavela iNkanyezi kuJakobe.'" Futhi bayibona imiBhalo igcwaliseka. O, zathokoza kanjani pho izinhliziyo zabo!

66 Futhi bekufanele kuzenze zithokoze kanjani izinhliziyo zethu, ukwazi ukuthi kulolusuku olubi esiphila kulo manje, ukubona uMbhalo ongcwele kaNkulunkulu ugcwaliseka futhi wembulwa kithi njengokuKhanya okukhulu okufunisisayo phezu kobuntu bethu.

67 Manje-ke, emva kwesikhashana, lapho beYibhekisisa, ngokuxakile ngobunye ubusuku Iqala ukuhamba. Futhi njalo sihamba nokuKhanya. NokuKhanya kuqala ukuhamba kuya ngasentshonalanga. Ngokushesha bethwesa amakamela abo nazo zonke izinto zabo zasebukhosini. Babethathe izipho. Futhi sengiyababona bethatha uhambo lwabo, belandela ukuKhanya, ngoba babazi ukuthi nguMuntu wasezulwini. Yayibonisa ukuKhanya okuthize okukhanya ngokwedlulele.

68 Kunjalo nanamhlanje, mngane, uma sibona inkanyezi ikhanya, siyazi ukuthi kungukubonisa ukukhanya kwelanga. Uma sibona inyanga ikhanya, siyazi ukuthi kungukubonisa ukukhanya okukhulu ngokwedlulele.

69 Uma sibona ibandla likhanya, siyazi ukuthi kungukubonisa ukuKhanya okukhulu ngokwedlulele, okungayikufa nokungukuKhanya okuPhakade. Kodwa uma sizenza-mnyama thina uqobo, futhi siphendule izinhliziyo zethu, futhi sifulathelise ukukholwa kwethu, bese sithi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule, futhi ayisekho into enjengalezizinto," sifulathela ukuKhanya okuPhakade kukaNkulunkulu.

70 Futhi lapho behamba bezula, sengiyababona besuka ezintabeni futhi beya emimangweni yasentshonalanga. Babelandela imimango behlela eMfuleni iTigrisi, futhi lapho balandela iTigrisi enamandla behla njalo baze bayongena eBabiloni, bawela izibuko eYufreti, kwehle njalo, bagudla amazwe asePalastine. Bethokoza! Babehamba ebusuku ngoba kwakupholile ebusuku, kubo ukuba bahambe ezingwadule. Enye into kwakungukuthi, izinkanyezi zazikhanya ebumnyameni, ngakho kwakufanele balandele ukuKhanya. NokuKhanya kwakungumholi wabo.

71 Futhi lapho benyuka, ekugcineni Ifika eJerusalema. Kodwa, lapho Itheleka eJerusalema, Yaphuma. Yanyamalala masinya ngenkathi betheleka eJerusalema, ngoba kwase kuyisikhathi sabo ukuba bakhanye ukuKhanya.

72 Futhi ezansi bedabula emigwaqeni engamazombezombe yalelodolobha elikhulu lezwe, ezansi bedabula emigwaqeni yekomkhulu lasendulo lezwe, cishe, iJerusalema; elake laba ngumuzi kaMelkisedeki omkhulu, lapho abaprofethi abakhulu basendulo nababhali babebhale kakhulu ngalo. Kodwa ekuvilapheni kwabo, ngokwenyama, bephuphutheke uhhafu, bephila ngokungamesabi uNkulunkulu, ukuKhanya kweVangeli kwase kuhambile.

73 Futhi nakhu kwakungabeZizwe, emzini wabaJuda, bememeza, "Uphi Lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? Ngokuba sibonile inkanyezi yaKhe kwelasempumalanga futhi size ukukhuleka kuYe." Isehlakalo esimangalisa kanje pho salolusuku, O Baba onesihawu, lapho sibuka futhi sicabanga! AbaJuda elele kakhulu ngangokuthi omegi, abeZizwe basempumalanga, babevele emazweni akude, behamba ukuba bafumane iNkosi yabaJuda, futhi babengazi lutho ngakho.

74 Namhlanje, uNkulunkulu uthathe umuntu ongafundile, abafana namantombazane cishe angenakho okwedlula ukubhalwa nokufundwa kolimi emfundweni yasesikoleni, abavuswe ngamandla kaMoya oNgcwele, omemeza ezindlebeni zebandla, "Ulapha emandleni aKhe amakhulu, ukuba Azisombulule yena uqobo nokuthi azazise," nebandla alazi lutho ngakho.

75 Beza ukuzonikeza inkonzo. Beza ukuzonikeza inhlonipho eNkosini yamakhosi. Nebandla, ekulaleini kwalo kobuhlelo, alazi lutho ngaYo. Bayizihambi. Kanjani, ngenkathi lezizilwane ezazithokoze kakhulu, zifakwe uhlobo lwendwangu eyelukwe kwavela umfanekiso kuyo ilenga kuzo, nemileceza. Futhi njengoba uPhilon wake wathi, "Babengesiwo amakhosi, kodwa babeyi—babebakhulu ngokwenele ukuba babe yizimenywa eziqavile zeNkosi." Futhi nampa, begibele kulezizilwane zobukhosi, lapho bedabula emigwaqeni, bethi, "Uphi Lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na?" IBhayibheli lasho ukuthi, "Lonke iJerusalema noHerodi bakhathazeka." Ubufakazi babo bashukumisa into ethize.

76 Akukubi yini kakhulu namhlanje, ukuthi ibandla alikwazi ukuvuka ebuthutheni balo bokusebenzisa okwesayense yalo yezenkolo, ukubona amandla wophilayo, uKristu ovukileyo neNkazimulo yaKhe; njengokwazi ukubhala, ongafundile, umnyakazo ongakhethi-mahlelo ugadla ezweni! Wozani nibone iNkazimulo kaNkulunkulu ophilayo. UMoya oNgcwele wehla njengoba Wenza nje ekuqaleni. ImiBhalo imele igcwaliseke, futhi nakhu esikhathini sokuphela.

77 Futhi lapho labomegi behamba bedabula emgwaqeni, bashukumisa kusukela enkosini kuya kumbumbi, ngalomlayezo, "Uphi na? Ukuphi na?" Babengenayo impendulo. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili—Umhl.]

78 Futhi, namhlanje, lapho iziputniki zishwibeka ezibhakabhakeni, lapho izibonakaliso zokushabalaliswa nya sezisedue; lapho abesifazane nesilisa bezitika esonweni futhi behlala ngokungamesabi uNkulunkulu, abantu bamemeza kakhulu, "Kuthini lokhu na?" nebandla alinayo impendulo. Lilele ubuthongo.

79 Kodwa uMoya oNgcwele, okukaNkulunkulu okungayikufa nokuKhanya okuPhakade, kulapha ukukhanya phezu kwalowo othandayo nongaKwemukela.

80 UkuKhanya kwase kuhambile. Babenikeza ubufakazi babo. Futhi ekugcineni babizela umkhandlu iSanhedrin ndawonye, emhlanganweni womkhandlu. Nezazi nabaprofethi bangena, nomprofethi omncane, umprofethi omncane ongomncane, ogama linguMika, isiprofetho sakhe. Base betshela inkosi, "Kulotshiwe, 'Nawe Betlehema, awusiye omncinyane phakathi kwawo onke amakhosana akwaJuda? Kepha kuwe kuyakuvela umbusi oyakubusa abantu baMi, uIsrayeli.' Ngakho-ke, kufanele kube yiBetlehema lapho uKristu ezakuzalelwa khona, iNkosi yabaJuda."

81 Awu, akekho owayengabatshela ukuthi kufikwa kanjani eBetlehema. Kodwa baphuma ngesango, futhi, ngenkathi beshiya lowomuzi wobumnyama, ukuKhanya kwabonakala phambi kwabo futhi. INkanyezi yabonakala. NeBhayibheli lathi, "Bathokoza ngokuthokoza okukhulu kakhulu." Kufanele ukuthi empeleni zathi ukumemeza kancane. Zathokoza ngokuthokoza okukhulu kakhulu. Zaphela amandla. Za . . . iNkanyezi yayibonakalile ukuba ibaholele esiphethweni sabo sokugcina sohambo lwabo.

82 ZaYilandela. Manje baYiqaphela ilengela phansi kunanoma Yayivamise ukwenza. Isithe ukusondela kakhulu manje. Futhi ekugcineni lapho . . . Bahambisana, bethokoza futhi bedumisa uNkulunkulu, ubusuku bonke, beholwa yisandla seNkosi. Kodwa ekugcineni iNkanyezi ifika esitebeleni esincane, okwakuyindawo encane ngaseceleni legquma, umgede, futhi lapho iNkanyezi yaphumula phezu komgede. Nalabomegi abanamandla, phezu konyaka nezinyanga eziyisithupha besohambweni lwabo, endleleni yabo, behamba, bebhekisisa, bengalandeli lutho kungekho okunye ukuqondiswa kuphela iNkanyezi. Futhi lapho Iphumula, bahamba bangena, futhi lapho bafumana ingane, uJosefa noMariya. Base beletha izipho ebhokisini labo lamagugu. BaMnika, igolide, inhlaka nemure.

Ukuba nje besinesikhathi! Ake sime umzuzu.

83 Lalimeleni igolide na? WayeyiNkosi. Wayengezukwenziwa iNkosi; Wazalwa eyiNkosi. WayeyiNkosi yaPhakade kaNkulunkulu. WayeyiNkosi, ngakho banikela ngegolide.

84 Base benikela ngenhlaka. Lawo ngamakha, adula impela, awedlula onke ayengatholakala. Yayichaza ukuthini

inhlaka, amakha na? Wayeyisinongo esinuka kamnandi kuNkulunkulu, ngokuba Wayehamba ephilisa abagulayo futhi enza okuhle. Igolide, ngoba WayeyiNkosi. Inhlaka, ngoba wayeyisinongo esinuka kamnandi kuNkulunkulu. Impilo yaKhe yayiMthokozisa kakhulu, ukuthi uNkulunkulu waphefumulela ebungcweleni baKhe nobuhle, ngokuba kwakungubungcwele baKhe uqobo bubonakaliswa kuYe.

85 O, ukuba besingaba yisinongo esinuka kamnandi, ukuba ubungcwele bukaNkulunkulu bebungabonakaliswa kithi; ngangokuthi besingahamba senza okuhle, njengoJesu waseNazaretha, ngangokuthi bekungaba yisinongo esinuka kamnandi eNkosini.

86 Kodwa, siyaqophisana, siyaphikisana, siyakhathazeka, siyangabaza, yingalesosizathu kuba yiphunga elibi emakhaleni kaNkulunkulu. Izimpilo zethu zazingena ziphuma ezindaweni ezindala esasingafanele sibe kuzo. Sisho izinto ebesingafanele sizisho. Senza izinto ebesingafanele sizenze. Siyaqophisana futhi sicheme nezwe, futhi siphike uKristu esimweni esikhulu esibucayi. Yingalesosizathu singeke saba yisinongo esinuka kamnandi.

Kodwa, Wayeyiso, nalabomegi banikeza inhlaka.

87 Manje baMnika imure, futhi. Futhi noma ubani uyazi ukuthi imure iyikhambi elidula kabi kodwa elibabayo. Imure, yayimeleni imure na? Umhlatshelo waKhe omkhulu ophakeme. Ukukhanywa kwaKhe, impilo esencane, eKalvari, lapho izono zezwe ziMgaya abe zicucwana. Igolide, ngoba yiNkosi. Inhlaka, yeyaKhe emnandi, impilo ethandayo. Nemure, ngenxa yomhlatshelo waKhe wezoni, Azifelayo. "Lapho Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, wachotshozwa ngenxa yobubi bethu. Isijeziso sokuthula kwethu siphezu kwaKhe, nangemivimbo yaKhe siphilisiwe thina." Yingakho baMnika imure.

88 Kwathi ziyaliwe nguNkulunkulu ngephupho, zahamba ngenye indlela. Azibuyelanga emuva, kodwa uhambo lwazo—lwazo lwaqedwa. INkanyezi yase isiqedile ibanga laYo.

89 Isho ukuthini iNkanyezi kithi, namuhla, mngane na? UDanyeli usinika impendulo, uDanyeli 12:3. Kwathi, "Labo abahlakaniphileyo nabazi uNkulunkulu wabo bayakukhanya njengezibhakabhaka zezulu; nalabo abaphendulela abaningi ekulungeni bayakukhanya njengezinkanyezi kuze kube-phakade naphakade."

90 Siyini thina, namhlanje, ke na? Siyizinkanyezi. Wonke umKristu ozelwe ngokusha ungubufakazi eNkosini uJesu Kristu, inkanyezi ukubonisa amandla nobungcwele beNkosi uJesu; ukuMbonisa empilweni yaKhe, ukuMphelelisa enkulumweni yaKhe, ukuMphelelisa emandleni aKhe okuphilisa, ukuMphelelisa ekuvukeni kwaKhe, ukuMbonisa

ngayo yonke indlela Aboniswa thina nguNkulunkulu uBaba. Siyizinkanyezi.

91 Bhekisisani! Hlobo luni lwenkanyezi ofanele ukuba yilo na? LeNkanyezi yayingaholwa ngokuqondiswa amandla aYo. Yayiholwa ngokuqondiswa ngamandla asezulwini kaNkulunkulu uSomandla. Futhi uma siyoke sibonise izoni uKristu, sifanele siholwe ngokuqondiswa nguMoya oNgcwele. KwabaseRoma 8:1, kwathi, "Ngakho akusekho ukulahlwa kwabakuKristu, abangahambi ngokwenyama kepha ngokoMoya." Uma sizoba yinkanyezi, ukubonisa ukuKhanya kukaKristu, ukuletha izoni kuYe, sifanele siholwe ngokuqondiswa nguMoya oNgcwele. Kunjalo!

92 Futhi ngeke saba ngabajwayelekile. Sifanele sibe ngabangajwayelekile. Ngeke saba ngabajwayelekile, ngoba abantu bakaNkulunkulu bangabantu abayinqaba. Bebeyibo, iminyakanyaka.

93 Nakuba beyinqaba, nokho inkanyezi yayigqame ngobuhle. Hhayi ukugqama ngobuhle emfundweni yezwe, udaba lwezwe, kodwa igqame ngobuhle njengomhlatshelo phambi kweNkosi. Sizilalisa phansi thina uqobo, njengoba kwenza omegi eBukhoneni beNkosi yamakhosi, ukubonisa ukuKhanya kwaKhe.

94 Uyinkanyezi. Wonke umKristu uyinkanyezi, ukuhola aqondise abalahlekileyo, ukuhola aqondise abakhathazekileyo, unyawo lomhambi, kulabo abafunayo. Manje-ke, inkanyezi ngeke yazihola ngokuziqondisa ngokwayo, ifanele iholwe nguMoya. Ifanele ibonise ukugqama ngobuhlele bukaNkulunkulu empilweni yayo, ukudeda ezintweni zezwe, nokuphila ngokumesaba uNkulunkulu nangokuzotha kulempilo yamanje. Ifanele ibonise ukuKhanya kwaLowo wayo omkhulu owayekhanya.

95 Siyini-ke namhlanje na? Ukuba sivuke, futhi sikhanye ukuKhanya kukaNkulunkulu kwabafayo. Ekujuleni kobumnyama balelizwe, sifanele sibonise futhi sikhanye uBukhona beNkosi uJesu emandleni aKhe avukayo. Njengoba Enguyena izolo, kanjalo Unguye namuhla, ukuMbonisa.

96 Kodwa khumbula, manje-ke, iNkanyezi, futhi, lapho isiqedile ibanga layo, ayithathi-dumo. INkanyezi yaletha amadoda nje esiphethweni sawo, yase ibakhombisa lokho kuKhanya okuphelele.

97 Futhi thina, njengamalunga oMzimba kaKristu, kulokhu ukusa, bangane, siyizinkanyiso zikaNkulunkulu, kodwa asithathi-dumo kithina uqobo. Uma sinokubekezela kwethu—kwethu, nowethu—wethu . . . umuntu esimholayo; uma sesibatholile, sifanele singaziniki thina udumo bese sibaholela koku "khulu nokuKhanya okuphelele okukhanyayo, ukukhanyisa indlela yawo wonke umuntu ongena ezweni,"

iNkosi uJesu Kristu. Hhayi inganekwane ebizwa ngoSanta Claus, hhayi ibandla elithize ngehlelo; kodwa lokho okuqinisile nokuphelele ukuKhanya, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.

Asikhuleke.

98 Amakhanda ethu ekhothamele othulini lapho uNkulunkulu akuthathe khona; ngoluny'usuku, impela njengokukhanya kwezinkanyezi ebusuku, nelanga likhanya emini, nibuyela kulolothuli. Uma nilapha, kusasele usuku ngaphambi kwaloKhisimuzi, futhi nithanda ukuba noMoya oNgcwele ukuba uniholele kuMsindisi, futhi niMemukele ngaleyondlela, ningasiphakamisa nje isandla senu kuYe bese nithi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi. Khanyisa endleleni yami lapho ngihamba nsuku zonke. Futhi ungihole, ekugcineni, kulokho kuKhanya okuphelele, ukuze ukuphila kwami kukwazi ukuhlangana thaqa nokwaKhe futhi ngizoba nokungafiyo, ukuKhanya okuPhakade."

99 INkosi ikubusise, dadewethu othandekayo; nawe, dadewethu; wena, mfowethu; wena emuva lapho, mfowethu; nawe, dadewethu; nawe, mfowethu. UNkulunkulu uyazibona izandla zenu. O, wena dade, iNkosi iyakubona. Yebo, ngapha, nenekazi, iNkosi iyakubona, impela.

100 "O Jesu, thumela uMoya oNgcwele kulokhu ukusa, qondisa impilo yami edukisiwe ezihluphekelayo. Ngigijimile futhi ngajoyina isonto elilodwa; bengiyiKatolika, ngase-ke ngiba yiBaptisti, ngase-ke ngiba yiPresbyterian. Ngaya kwiPentecostal. Ngiye nje ndawo zonke. Futhi ngithola ukuthi, Nkosi, ngi—ngiyamangala nje; angazi ukuthi ngimi kuphi. Kodwa makuthi lowoMzimba wasezulwini, makuthi lowoMuntu ongowasezulwini weNkanyezi yoKusa, uMoya kaNkulunkulu omkhulu, ungihole namhlanje kuleyondawo kuYe lapho engifuna ukuba khona, lapho engingabeka khona inhliziyo yami emkhombeni bese ngikhulisa Lowo; ukuze Angihole kuwo onke amathunzi, izigodi zamathunzi okufa, ukuthi angiyikwesaba uma sengifika kuleyondlela."

101 Angabakhona omunye ngaphambi nje kokuvala na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane; nawe, mnumzane; nawe, mnumzane. Yebo, leso kube yisikhathi esikhulu sabesilisa, mnumzane. Omunye kakhulu impela bekungowesifazane; ngalesisikhathi kube ngabesilisa abaphakamise izandla zabo. Impela, kwaba yizazi ezafikayo, zifunisisa, zilandela ukuKhanya. UNkulunkulu ufuna nina. Omncane uMar- . . .

102 UMariya noJosefa abancane babeye emzini, nalapho uJesu wazalwa. Ngesikhathi kufika omegi, babekade beza isikhathi eside, kodwa ekugcineni base befike ovuthwondabeni lwabo olukhulu, iNkanyezi yayikade ibahola. Manje kade ufuna ukuba ngumKristu isikhathi eside, mhlawumbe uthathe uhambo olude.

Yilolu uvuthwondaba kulokhu ukusa, mhlawumbe, ngokuba manje uzoMemukela njengoMsindisi wakho usaMkhulisa enhliziyweni yakho. Omunye futhi, ngaphambi kokuba sivale lokhu ukubizela ealtare na? INkosi ikubusise. Kuhle kakhulu. Ngiyabonga.

103 Futhi manje bangaki abazothi phakathi lapha, "O Nkosi, njengoba bengitshelwa yimiBhalo, engeke yehluleka, ukuthi kulemure eyanikelwa Wena, yayimele phakathi lapho, ukuthululwa kwempilo yaKho. 'Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKho siphilisiwe thina.' Wezwa ubuhlungu obumuncu bokushaywa ngesiswebhu esigxotsheni sokushaywa ngesiswebhu, ukuze imivimbo yaKho isiphilise. Ngiyawadinga amandla aKho okuphilisa, namhlanje, Nkosi. Ungakususa nje empilweni yami konke ukungabaza na? Kususe kimi, ukuthi ngeke ngisaphinde ngingabaze. Futhi mangize ngokuzithoba kuWe, njengamanje, futhi ngiKukholwe ngokuphiliswa kwami."

104 Ningasiphakamisa isandla senu, ukuthi, nina bantu abagulayo na? INkosi ayikuphe isicelo sakho, mngane wami othandekayo.

105 UbungaMngabaza na? Impela qha. Umi namhlanje njengoMntwana wePhasika noma . . . njengo—ngoMntwana kaKhisimuzi, iNdodana kaNkulunkulu, Eyanele konke. Ihlangabezana nazo zonke izidingakalo. Ihlangabezana nazo zonke izidingo ozidingayo. Yemukele nje. Yini esitshelwa ukuba siyenze eBhayibhelini na? "Sibeke izandla kwabagulayo bayosinda."

106 Manje, Baba waseZulwini, ngiletha kuWe leliqembu elincane labantu Obakhiphile kulokhu ukusa ukuba bazozwa uMlayezo weNkanyezi. Ukuthi Usebenzana kanjani nomuntu wayo yonke imikhakha yempilo! Usebenzana nomthengisi wotshwala obungekho emthethweni. Usebenzana nesidakwa. Usebenzana nososayense. Usebenzana nonkosikazi wekhaya. Usebenzana nomfundisi. Usebenzana nelunga lebandla. UnguNkulunkulu. Umkhulu kakhulu ngangokuthi akekho ongaphunyuka kuWe. Nalabo abaqotho enhliziyweni yabo, Ukhombisa isihawu kubo abezizwe zonke nazo zonke izinkolelo.

107 Ngakho siyaKubonga kulokhu ukusa ngalabo abaphakamise izandla zabo, abathi ababengamashumi amabili noma amashumi amathathu, ngingalinganisa kanjalo. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi ngawo lomzuzwana, njengamanje, ukuthi okukhulu nokungayikufa ukuKhanya okuPhakade kuzoqhekeza kungene emphefumulweni wabo, ukuthi bazokuthola lokho kuphumula komqondo akade bekulangazelela futhi bakufunisisa, ngokujoyina amasonto no—nokuhamba ngezimo ezithize zezinkonzo. Kodwa kwangathi uMoya oNgcwele ungakhanya phezu kwabo.

108 Njengoba uIsaya wathi, "Lababantu bahlezi ebumnyameni, kodwa ukuKhanya okukhulu kukhanye phezu kwabo." Siphe khona, Nkosi, ukuze kuthi lapho lesisiprofetho sigcwaliseke namhlanje kulezizinhliziyo ezilangazelela Wena. Baphe lokho kuthula okwedlula ukuqonda konke, futhi ubaphe ukweneliseka okuphelele ukuthi badibane naWe futhi bakhuluma naWe, futhi baKunikeza izimpilo zabo, zonke ezaphukile nezidabukile; ukuthi Wena, negolide laKho, inhlaka nemure, kungabaphilisa futhi wenze kubo abantu, izitsha ezihloniphekile zenkazimulo yaKho uQobo. Siphe khona, Nkosi.

109 Namanje kwabagulayo nabahluphekile, kukhona uhlelo Osinike lona, ukuthi sifanele sikhuleke futhi sibeke izandla phezu kwabo. Futhi Wathi, amazwi okugcina awa ezindebeni zaKho ezithandeka kakhulu, "Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; futhi uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda."

110 Sazi ngoyedwa, intombazane encane eyisithandwa elele lapha, endiziswe ngabathandekayo abathembekile isuka eFlorida, futhi isesigabeni esinzima kakhulu njengamanje. Lapho, abaningi bezinceku zaKho ekhulekile. No—nodokotela abaningi bakubukile futhi banikine amakhanda abo, base bethi, "Akusekho okunye." Kodwa ngijabula kakhulu ukuthi umama omncane, nalabo abakhathazekile, abavumi ukuthatha lokho njengempendulo. Baphokophelele ukubona ukuthi onke amatshe ayagingqwa. Uma kuphela bengafumana umusa kuNkulunkulu ophilayo, othandekayo wabo omncane uzosindiswa, futhi uzophila. O, siphe khona, Nkosi, kanye nabanye abahlezi lapha.

111 Abaningi bahlezi lapha kulokhu ukusa, abangasukuma banikeze ubufakazi njengoba kwenza omegi, "Sibonile iNkanyezi yaKhe kwelasempumalanga." Abaningi bebengasukuma bathi, "Sinambithile okuhle kwaKhe, futhi siwezwile amandla aKhe okuphilisa," asuse emizimbeni yabo, umdlavuza, amehlo aphuphuthekile, nezitho ezikhubazekile, nazo zonke izinhlobo zezifo. Futhi simemeza kakhulu izindumiso zaKhe, ngalolonke iphimbo lethu, ezizweni zonke, Nkosi.

112 Makuthi laba, kulokhu ukusa, abantwana baKho olapha namhlanje manje, babenjalo ngabahlanganyeli bezibusiso zaKhe. Lapho senza imisebenzi yethu esiyimiselweyo njengabafundisi, ukuba sikhuleke futhi sibeke izandla zethu phezu kwabo, siphe, Nkosi, ukuthi bazophiliswa eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu, Owathi, "Celani kuBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyokwenza." Besingakungabaza kanjani, uma uNkulunkulu akusho na? Ngokuyiqiniso impela nje njengoba lezoziprofetho zikaDanyela zazifanele zigcwaliseke, ngokuyiqiniso njengoba uNkulunkulu ephila nje, lonke iZwi

lifanele ligcwaliseke. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzokupha ngenxa yenkazimulo yaKhe. Amen.

113 Kusekukholelweni kwami kokuzithoba kakhulu impela, nobuqotho nobumhlophe benhliziyo yami, ukuthi uma abesilisa nabesifazane khona lapha ophakamise isandla sakho ukwemukela iNkosi uJesu njengoMsindisi oqondene nawe. . . Ngiyazi ukuthi kuvamile ukuletha abantu ealtare. Lokho kulungile. Angimelene ngalutho nakho. Kodwa ukuza ealtare, ungenza into eyodwa kuphela, lokho kungukuthi, tshela uNkulunkulu ukuthi uyabonga ukuthi Ukusindisile. Ngokuba, umzuzu okusho ngawo ngempela okushoyo, ngenkathi uphakamisa izandla zakho, uNkulunkulu ukwemukela phezu kobufakazi bakho ngayo leyonkathi. Uyishaye indiva imithetho yokudonsela phansi, futhi ngokufanayo nje njengaleyoNkanyezi yashaya indiva imithetho yesimo sokuhamba kwelanga kanye nezinkanyezi.

114 Ukuhamba kwelanga kanye nezinkanyezi kuhamba ngokomgudu wangaso sonke isikhathi. Yileyondlela okufanele kuhambe ngayo. Kodwa leNkanyezi yakushaya indiva, yedlula phezu kwakho konke ngqo, ngoba uNkulunkulu wayenza ukuhola.

115 Namhlanje umgudu wokuhamba kwansuku zonke kuthi abaningi benu lapha bafanele bafe. Udokotela wenze konke angakwenza. Kunjalo. Kodwa uMoya kaNkulunkulu ophilayo ukushaye indiva lokho, wathi, "Ngizokuphumelelisa." Aku, kungahle kungenzeki ngomzuzwana. Bayabekezela, njengokubona Yena owayengenakubonwa. UAbrahama wanikwa isithembiso, futhi walinda iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ngaphambi kokuba senzeke, kodwa wamasha waqonda phambili futhi wabiza noma yini eyayiphambene esithembisweni sengathi yayingaphambene.

116 Bengingeke ngama lapha ngaphambi kwaloKhisimuzi bese ngisho lezizinto ngaphambi kwaleliqembu elincane labantu ukuba bengingazi kulokho ebengikhuluma ngakho.

117 Izolo, owesifazane kungenzeka ukuthi ukhona, igama lakhe nguNkk. Wright. Ngabe ukhona, ovela eNew Albany, uNkk. Wright na? Abaningi benu bangahle bamazi. U, ngiyakholwa, ngowesifazane owaziwayo eNew Albany. Inkonzo yokuphulukisa yokugcina lapha, lapho. . . Bengingazi; kwakuphansi kokubona okufihlakeleyo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

118 Ngobusuku bangeSonto elizayo, iNkosi ivuma, singazama ukubona okufihlakeleyo. Ngeke sakuthola ngeSonto ekuseni, kuhle, ngoba nibonile ngeSonto eledlule ekuseni, njengeviki, ukuthi kwenzekani. Niyabo, abantu abangeni lapha ngesikhathi ukuba bashayiswe umugqa, kanjalonjalo, ngeyasekuseni, ngoba ninezindishi zenu ukuba niziwashe, kanjalonjalo. Kodwa,

ngeSonto ebusuku, sizokuzama mhlawumbe ngeSonto elizayo ebusuku, iNkosi ivuma.

119 Ngenkathi ukubona okufihlakele kusenzeka, udaba olulodwa nje engifuna ukuluthinta, emva nje kokunitshela ngoNkk. Wright.

120 Akakwazanga ukufika lapha. Odokotela baseNew Albany, ngingababiza ngamagama, kodwa kungebe wukuhlakanipha ukwenzenjalo, ngoba izikhathi eziningi abafuni, ukuba ukwenze lokho. Sizama ukuhlala ngokuthula nawo wonke umuntu, impela ngokungenzeka.

121 Futhi siyabathanda odokotela bethu. Odokotela, mhlampe, behlezi lapha kulokhu ukusa. Nginabangane abaningi abangodokotela, indoda elungileyo, indoda engumKristu ethemba uNkulunkulu. Abasibo abaphilisi; bangumuntu nje. Futhi abangakwenza, ngokwenyama, bayokwenza. Balekelela imvelo nje. Aba . . . Bahlela kahle ithambo; basuse okuvimbayo, into enjengaleyo. Kodwa uNkulunkulu ufanele adale amangqamuzana okuphila. UNkulunkulu nguYe kuphela ongaphilisa, noma—noma akhe izicubu; akukho-muthi oyokwenza.

122 Manje, lona wesifazane wayenamahlule egazi esenhliziyweni yakhe. Wayelapha emashumini ayisithupha. Wayevuvukele kabi kakhulu waze wathi futhi waba-mkhulu njengoba wayenjalo ngokwejwayelekile. Base beshaya ucingo efonini, nomkami wangiletha efonini, wayesethi, "Billy, ba . . . owesifazane ufuna ukukhuluma nawe, eNew Albany."

123 Ngathi, "Awu, dade, woza, kulokhu ukusa. Sizoba nenkonzo yokuphilisa enhla eTabernakele."

124 Wathi, "Mfowethu othandekayo," wathi, "Ngifisa sengathi bengingamletha, kodwa akakwazi ukunyakaza." Wayesethi, "Uyafa khona manje." Wayesethi, "Alisekho ithemba ngaye." Wayesethi, "Sizwile ngezinto ezinkulu uNkulunkulu azenze ngemikhuleko yakho. Ungemkhulekele na? Ungeza na?"

125 Ngathi, "Angikwazi ukuza. Kodwa ungayibeka ifoni endlebeni yakhe na?"

126 Wathi, "Ngikholwa ukuthi ngingawugudluzela ngale umbhede wakhe." Futhi wawugudluzela ngale umbhede, ngase ngimthola owesifazane; kwakul'khuni ukuthi akhulume.

127 Ngathi, "Uma uzokholwa!" Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo. Hhayi lokho nje okucabangayo; kodwa lokho okwazi ngempela. Ukukholwa ku . . .

128 Ngathi ngelinye iSonto, "Ukuba bengibulawa yindlala, ngase ngicela . . . " Ulofu owodwa wesinkwa ubungasindisa impilo yami, bese unginika uthwenti-fayifi sente; bengingajabula ngokufanayo nje sengathi bese nginesinkwa, ngoba zininingi kakhulu izinkwa.

129 Futhi maningi kakhulu amandla okuphilisa. "Uma ukholwa," lowo nguthwenti-fayifi sente; ngingajabula. Ngoba, mhlawumbe isinkwa singamamayela ayishumi ukusuka kimi, kodwa, uma nginothwenti-fayifi sente, ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo. Ngijabule nje ngalowothwenti-fayifi sente sengathi bengidla isinkwa, nakuba ngisenezindlela ezinde engisazozihamba nokho; ngisazokwedlula emibhedeni eyimifudlana, futhi ngiwele amazibuko, ngiwele nezingodo amabanga amade akhathazanayo, futhi ngehle ngedlule endleleni yabahamba ngezinyawo enameva, futhi ngikhuphuke nginqamula igquma. Ngingahle ngithole ukulamba kakhulu ngaso sonke isikhathi, ngize ngithole inkwantshu; ngilambe kakhulu. Kodwa ngizojabula ngaso sonke isikhathi, ngoba ngibambe uthwenti-fayifi sente, ukuthengwa kolofu wesinkwa, akunandaba ukuthi izimo zinjani.

130 UAbrahama wajabula iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, ebambe ukukholwa enhliziyweni yakhe ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukwenza lokho Ayekwethembisile. Futhi wakuthola ayekucelile.

131 S'thandwa esithandekayo lapho, dade. Akunandaba ukuthi mininingwane mini, thatha lowothwenti-fayifi sente, lokho kukholwa, k-h-o-l-w-a. Thatha lokho ngezandla zakho, kuthathe ukufake enhliziyweni yakho, uthi, "Akunandaba ukuthi kwenzekani . . . " Manje ungeke waba ngongakholwa. Ufanele ukholwe ngempela. "Umntanami uzophila, ngoba enhliziyweni yami . . . UNkulunkulu wenze isithembiso, futhi nginokukholwa ukuba ngisikholwe." Bese kuthi-ke yonke enye into iba ngengavumi. Niyabo? UNkulunkulu ukwenza kuhambe kuyongena ngqo kulelo—lelozinga lendawo.

132 Lowo wesifazane ungibizile izolo. Abanye babo bayiphendula ifoni; akayithathanga. Umkami waya efonini; akaluthathanga. Ubefuna ukukhuluma nami. Wathi, "Mfowethu Branham, ngidumisa igama lakho."

Ngathi "Igama lami? Ukwenzelani lokho na?"

Wathi, "O, ukuba kuphela ubungangibona!"

Ngathi, "Manje-ke akadunyis'uNkulunkulu, kube NguYe Okwenzile."

133 Wathi, "Lapho odokotela abatholi ngisho uphisi walelohlule. Selihlakazekile futhi alisekho. Futhi sengiphila ngokwejwayelekile, ngihambahamba ngiphila kahle, ukuphila okwedlula konke ukuphila ebengikukho eminyakeni." Igama lakhe nguNkk. Wright. Usakhe manje . . . Ungitshele igama lakhe lokuqala. Ndawondawo eNew Albany, angilazi okwamanje nje.

134 Phansi kokubona okufihlakele, ngeSonto eledlule, bese kuyiviki, ngimi lapha, ngathi, "Angifuni-muntu wabafo baseTabernakele. Ngifuna labo abangesibo abeTabernakele.

Makukhulume uMoya oNgcwele." Kodwa ngandlela thize, emuva le ndawondawo ohlangothini olulodwa noma olunye, kwakukhona umfo omncane ogama linguHickerson, sonke siyamazi uMfowethu Hickerson. Ungumklomelo wangokoqobo ngempela womusa kaNkulunkulu. Futhi wazishutheka phansi phansi kwabany'abantu. Ngangingamazi ngisho. Kodwa uMoya oNgcwele wayekumisele konke. Wayebuka ngengalo yomuny'umlisa, ehlezi emuva phakathi lapho, futhi ngangingazi ukuthi wayengubani.

135 Ngase ngithi, "Umfo omncane engibuka, ngengalo yalowomlisa. Ukhuleka mayelana nothandekayo, ngiyakholwa, umfowabo noma umlamu, noma othize, owayesesikhungweni sezinhlanya; ngokomqondo engasekho, futhi kungasekho-mathemba ngaye ukuthi uyoke asinde." Futhi Kwathi, "ISHO KANJE INKOSI. Uzosinda." Nomfo omncane wakukholwa, nokho ngangingazi lutho ngakho izinsuku kamuva.

136 Futhi izolo bamkhiphile esikhungweni sezinhlanya eKentucky, njengo, "muntu ophelele, ophila ngokwejwayelekile, osesindile." Nomfowethu omncane ongumshumayeli wamaMethodisti, uMfowethu Collins, omunye umklomelo womusa kaNkulunkulu. Angahle abe khona kulokhu ukusa. Bobabili, bonke, bangahle babe khona. Bafika endlini yami izolo ebusuku, noMfowethu Palmer bevela eGeorgia, futhi ubexoxa ukuthi lomfana wedlula, esendleleni ebheke eLouisville, emva kokukhishwa esikhungweni sezinhlanya. Usesindisiwe, futhi, futhi ubehla ukuba ayobuyisela ngakho konke ukwenza kwakhe okungalungile ayekwenzile; umklomelo. Umusa kaNkulunkulu ongayikufa.!

137 Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ningasivumeli isitha ukuba sinikhohlise. Kukhona ukuKhanya okungayikufa okukhanyayo; lokho kuKhanya okungayikufa kunguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Kholwani yiYo. Kugxiliseni okwehange enhliziyweni yenu. Kwemukeleni njengokukholwa.

138 Asikhulekeni futhi sazi, sibeke izandla phezu kwenu, sinigcoba ngamafutha, bhekisisani ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani, akunandaba ukuthi mininingwane mini.

139 UJesu washo, kuMarku 11:24, Wathi, "Uma uyothi kulentaba, 'Nqukuleka uphonseke elwandle,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwa ukuthi lokho okushoyo kuzokwenzeka, uzakuba-nakho okushoyo."

140 Manje ake ngicaphune isichazamazwi ilekzikhoni, leso yisiGreki sasekuqaleni. Nansi indlela esifundeka ngayo. 'Uma uyothi kulentaba, 'Phakama futhi uphonswe elwandle,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuzokwenzeka, ungaba nakho lokho okushoyo."

141 Uma uthe, "Ntaba, suka," futhi ibe isalokhu imi lapho, uthi, "Awu, akwenzekanga"? O, kwenzeka. Uma uthe, "Ntaba,

suka," mhlawumbe uhlamvu oluncane olulodwa olubalulekile lwesihlabathi lusukile, luphuma emakhulwini ezigidigidikazi nezigidigidikazi zamathani. Uhlamvu oluncane olulodwa lusukile, kodwa kuqala ukwenzeka. Bamba lokho kukholwa bese ubhekisisa leyontaba ishabalala. Impela.

142 Uyakuthi enhliziyweni yakho, "Sifo, suka kumntanami. Sifo, suka emzimbeni wami, eGameni leNkosi uJesu," futhi ungangabazi. Khona lapho amagciwane amahle ahloma ngezikhali ezintsha nesikhali esisha, nesitha siqala ukwesekela. Sehluliwe ngoba uKristu, ekuphuzeni imure yaKhe eKalvari, wehlula uDeveli nawo onke amandla akhe. Futhi Wamhlubula yonke into ayenayo, futhi akalutho kuphela ungumkhohlisi; angedlula nakho, uyokwenza.

143 Siphokophele, ngomusa kaNkulunkulu, ukushumayela iVangeli futhi sibonise ukuKhanya kwaKhe aze Afike.

144 Manje, Nkosi, konke okunye sekukuWe. Manje sesizobiza lababantu, futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungeza kuleliTabernakele futhi wenze ukukholwa kuzozonke izinhliziyo, lapho bema futhi beza ngapha ukuba bakhulekelwe. Kwangathi bangahamba namhlanje futhi benze njengalezozazi; lapho sezibone iNkanyezi futhi, emva komkhokha wobumnyama, bathokoza ngokuthokoza okukhulu kakhulu; futhi kwangathi lababantu, njengoba begcotshiwe futhi bakhulekelwa. UJakobe wathi, eVangelini, "Bizani amalunga futhi nithi awabagcobe ngamafutha bese nikhuleka phezu kwabo. Umkhuleko wokukholwa uyomsindisa ogulayo." Kwangathi abantu bangathokoza ngokuthokoza okukhulu kakhulu, bazi ukuthi ukukholwa kukaNkulunkulu kuqhekeze kwangena ezinhliziyweni yabo, futhi bazoba nakho lokho abakucelayo.

145 Manje, Baba, Usuyenzile ingxenye yaKho. Sengenze konke engaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, ngaphandle kokubeka izandla phezu kwabantu nokubagcoba. Manje okusele kuzoba ngokwabo. Kwangathi kungehluleke. Kwangathi onke amasondo ewashi elingayikufa likaNkulunkulu angasebenza ngokuphelele kulokhu ukusa, lapho abagulayo begcotshwa. Ngenxa kaJesu Kristu siyakucela, eGameni laKhe. Amen.

> Uma ungakholwa kuphela, kholwa kuphela nje,
> Konke kungenzeka, kuphela . . .

146 Lenza into ethize leloculo kimi! Amakhulu ezilwimi . . . Ngibezwile abahedeni namaLawu ecula lelo ngenkathi ngiza emsamo.

147 Yena lo wesifazane ofanayo, umshayi wopiyano ofanayo, ngokwazi kwami, wethula iculo kimi, eminyakeni eyishumi nanye edlule, ngaphambi kokuba ngiyeke enkonzweni. UPaul Rader, umngane wami, walibhala.

148 UJesu, ehla entabeni, Wabona umfana onesithuthwane. Abafundi akukho ababengakwenza ngaso. Wathi, "Nkosi, hawukela umntanami.'

149 Wathi, "Ngingakwenza uma uzokholwa, ngokuba konke kungenzeka; kholwa kuphela." Yilapho uPaul athola khona indikimba yakhe, *Kholwa Kuphela*. "O- . . . "

150 Manje deda ekubukeni ukugula kwakho manje. "Kuphela be- . . . " Ungekwenze lokho na? "Konke kungenzeka, kuphela . . . "

151 Khumbulani nje, Umi lapha. Uyathandeka. Ukwethembisile. Ubonisa izinkanyiso zaKhe; bukani abanye bephiliswa. Impela, ungaphiliswa, nawe. "Ngibuke," impumputhe yaphiliswa, niyabo. Bukani abanye, bukani nje ukuthi kanjani, he, ukuthi iNkosi yenzeni! " . . . ngenzeka . . . "

152 Bangaki okholwayo ukuthi khona manje unakho ukukholwa enhliziyweni yakho ukuba uthi, "Ngikholwa ukuthi sekuxazululekile. Ngikholwa ukuthi ngingaMemukela khona manje. Ngikholwa ukuthi sengingasho ukuthi ngizosinda. Akunandaba ukuthi kwenzekani, ngithi kulentaba yokugula, 'Suka ungiyeke, noma abathandekayo bami, kumbe noma ngabe kuyini.' Futhi ngikholwa wukuthi kuzokwenzeka"?

153 Bhekisisani ukuthi kwenzekani. Lesosifo sizoqala sinconzuka. Sizoqala ukusuka. Into yokuqala niyazi, udokotela uzothi, "Kwenzekeni lapha na?" Kunjalo, uma ukholwa.

154 Ungeza, Mfowethu Neville? Manje akuthi labo abakulesi isikhala sezihlalo *lapha*, bame ngaku *leli* icala. Nani eniku *lesi* isikhala sezihlalo, nihambe nijikeleze impela ngemuva bese niza nijikeleze impela, uma nithanda, ukuze sibe nomugqa owodwa vo. Sizoba namalunga amadala azoza ngaphambili, ukuba ame nabantu, njengoba bekhulekelwa.

155 Manje, intombazane encane, sizohamba sehle bese sikhulekela lomntwana omncane olele lapha. Sizoza ngqo lapho ekhona.

156 Ngifuna labo aba . . . abanye abazokhulekelwa, bahambe baye ngapha manje. Ngifuna wonk'umuntu phakathi lapha ukuba abe semkhulekweni khona manje. Ninengxenye enizoyenza ngalokhu. Abangenisi bemi lapho bazoniqondisa emgqeni enifanele nime kuwo ngalesisikhathi.

> Konke kungenzeka, kholwa kuphela.
> Ungesabi, mhlambi omncane, kusukela esiphambanweni kuya esihlalweni sobukhosi,

Kusukela ekufeni kungena ekuphileni Wayela abaKhe uqobo;
Emandleni emhlabeni, onke amandla ngaphezulu,
Anikwe Yena ngenxa yomhlambi wothando lwaKhe.

Ithini inkanyezi kaKhisimuzi manje na?

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kungenzeka, kholwa kuphela,
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kungenzeka, kholwa kuphela.

157 Bangane bami abathandekayo, baningi abaphakathi lapha abanikhulekelayo manje; owesilisa olungileyo nabesifazane abalungileyo, ngokungcwele, abesifazane nowesilisa abamesabayo uNkulunkulu.

158 UMfowethu wami uNeville umi lapha eceleni kwami, esengimazi iminyaka ukuthi ungumuntu omesabayo uNkulunkulu. Abantu abeza lapha bephuma edolobheni, bangibizele phezulu efonini, bathi, "Ubani lowomfo omncane ongumelusi wakho na? Nginike ikheli lakhe; ngifuna ukumbhalela. Ubukeka efana enjengendoda eqotho impela." Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi, "nomunye wabantu abesaba uNkulunkulu ukwedlula bonke engibaziyo." Uyakuphila akushumayelayo nakhuluma ngakho. Unophiso logcobo esandleni sakhe.

UNkulunkulu unamandla esandleni saKhe.

159 Unakho ukukholwa enhliziyweni yakho na? Uma unakho, kufanele kwenzeke. Ngaphandle ukunqamula lapha, nampa abefundisi, abantu abamesabayo uNkulunkulu behlezi lapha uzobe ekukhulekela. Kuzofanele kubekhona okwenzekayo manje.

160 Kukhona okunilethe naze nazofika lapha; bekuyiNkanyezi, manje, iNkanyezi, iNkanyezi yoKusa. Manje yemukelani okungayikufa, ukuKhanya okuPhakade. Njengani nje, silandela lomgudu, njengokunibhaphathiza, kumbe noma yini, niyabo. "Nigcobe abagulayo ngamafutha, nibakhulekele; umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo."

161 UJesu wathi, amazwi okugcina eBandleni laKhe, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; bayobeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." Ngamany'amazwi, bengingasho lokhu, kufake emazwini okwazi ngawo, "Noma yikuphi lapho leliVangeli lishunyayelwa khona, ezweni lonke, izinceku zaMi ziyobeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda." Kunjalo. Niyabo?

162 Manje yinye kuphela into ukugxeka lokho, lokho ngukuthi, ukungakholwa. Niyabo, lokho akubeki . . . ngisho noma—noma

umfowethu nami besi...ngakufanele ngisho nokushumayela iVangeli; okungukuthi, asifanele, ukuphela ngomusa waKhe. Kodwa, akunandaba nokuthi besingaba yini, yiZwi laKhe. Yena, Akadingi kunamathela ngathi, kodwa Ufanele ahlale ngeZwi laKhe, "Uma ukholwa."

163 Manje bangaki khona lapho ezethamelini ozothandazela lababantu na? Phakamisani izandla zenu. Ngifuna nina bantu ukuba nibuke khona laphaya. Iya lapho-ke imikhuleko, ngaseZulwini kwenzelwa nina manje. Manje onke amakhanda ekhotheme nawo wonke umuntu ekhuleka, njengoba umfowethu egcoba.

164 Umzuzu nje manje, sizoba nalomkhuleko webandla walaba abalapha.

165 Nkosi enesihawu, siya phambili manje njengezinceku zaKho, ukuba senze umsebenzi omiselwe abefundisi. Baningi lapha, Nkosi, emgqeni, ogula, kabikabi, akungabazeki. Abanye babo baseduze kokufa. Nabanye babo basalokhu besezihlalweni zabo. Isibonelo nje, intombazane encane ebivela eFlorida. Kukhona abanye lapha abavela eGeorgia nasezindaweni ezehlukene, abavela enhla kuya eIndianapolis, abanye bavela ngale eOhio, babuthene kuleliqembu elincane kulokhu ukusa, kade lilinde lapha emahhotela nakho konke, lilindele ihora ukuba likhulekelwe. Kade besemihlanganweni. Basibhekisisile isandla saKho sihamba futhi sisebenza. Futhi khona lapha manje i...Nkosi, susa inganekwane kaSanta Claus bese ubalethela isipho sikaKhisimuzi sangempela. Baphe impilo enhle njengamanje, Nkosi, ngoba beze bekholwa.

166 Futhi siyeza, simi phakathi kwabo neNkosi uNkulunkulu waseZulwini, ukwenza izinxuselo zabo, ukukhuleka nokuzwakaliswa kwephimbo lethu uqobo, esikhundleni sabo. Kwangathi kungebebikho noyedwa wabo, Nkosi, ohluleka ukuba nokukholwa.

167 Siyazi iZwi liyakusho. Siyazi ukuthi siyakukholwa. Manje, Nkosi, kwangathi bangakukholwa futhi bemukele lokho abakucelile. Siya phambili manje njengamanxusa kaKristu, nawowonke lomzimba webandla, sikhuleka ngokuzwana kunye ngokuphiliswa kwabo. Kwangathi kungaba njalo. Futhi uma sebehamba, kwangathi bangahamba nokuthokoza okukhulu kakhulu ngoba u—uKusa kufike phezu kwethu. AmaLambu kagesi akhanyisa nangaphandle aseZulwini aphendule indlela yethu, futhi sibona iNkosi uJesu ovukileyo eMandleni aKhe neNkazimulo. Amen.

168 Njengoba egcotshwa, eGameni leNkosi uJesu, sibeka izandla zethu phezu kwakhe, futhi sicela ukuthi ukugula kwakhe kwelashwe yisandla sikaNkulunkulu uSomandla, eGameni likaJesu. Amen.

169 UNkulunkulu akubusise. Hamba futhi ukwemukele, eGameni leNkosi uJesu.

170 Njengoba egcotshwa, eGameni leNkosi uJesu, sicela isifiso senhliziyo yakhe siphiwe, eGameni leNkosi uJesu.

171 Njengoba egcotshwa ngamafutha, sibeka izandla phezu kukamfowethu, eGameni . . .

*UkuKhanya okuKhanya kaKhulu* ZUL57-1222

(The Great Shining Light)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Disemba 22, 1957, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2008 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

